

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za

SA EXAM PAPERS

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2018

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-28.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

ISIQEPHU A: INOVELI ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.***		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	**AMAMAKI**	**IKHASI**
1. *Ithemba Lami*	35	5
2. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	8
3. *Umshado*	35	10
ISIQEPHU B: UMDLALO ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu***		
4. Ababulali Benyathi	35	13
5. Icala Kaliboli	35	16
6. Isiko Nelungelo	35	19
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE ***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.***		
7.1 'Imfihlo Kamakoti'	17	22
KANYE		
7.2 'Mhla Liduma Laduma'	18	23
ISIQEPHU D: IZINKONDLO ***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izinkondlo ezihloliwe.***		
8.1 'Ngiyafisa ukuba qotho'	17	25
KANYE		
8.2 'Lobu bungani ngiyabuhlonipha'	18	26

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
B: UMDLALO	4–6	1	
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
D: IZINKONDLO	8	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Washo wavele wabona ukuthi uyazethemba umfo kaMbeje lona. Wathi **ukuntongela** kancane entshenguleni yakhe, wayesethatha ethi: 'Ngifuna ukukukhombisa mfana wami ukuthi eyami imithi akusiyo eyalapha, iqhamuka ePutukezi kwaLomahasha ngiyixube nengiyilanda eMampondweni. Lesi sifo esikuphethe ubala kimina, nale ngculazi yabo abayishoyo mina ngisasho ngithi abayilethe lapha kimi ngibakhombise amangwevu.' Wayesagcina lona belu isiko lezinyanga lokuthi asikho isifo abangasazi.

'Ngaphambi kokuthi ngiqale-ke ndodana, kuzofanele ukhiphe ugxa lwami okuvame ukuba yimbuzi kodwa ungabona-ke noma uyenza ibe yimali yini. Ngokubona kwami lesi sifo sakho sizodinga imithi yangempela. Ngakho-ke kufanele wazi nawe ukuthi inkokhelo yami kuzoba yimali ebhekile.'
'Angikholwa baba ukuthi lokho kuyoba yinkinga, into eyinkinga ukuthi silwe nesifo sisinqobe, okwenkokhelo khona akuyona nencane inkinga.'
'Kusasa-ke mfana sizoqala ukukusebenza ngoba kuyabonakala ukuthi ukufa lokhu besekwakhele impela, nomzimba uyasho.'

Behlukana sebexoxe kabanzi, bethembisana ukuthi bayobonana ngomuso lapho kuyobe sekuqala wona umshikashika. USandanezwe wayesechazelwe konke nokuthi inkokhelo yokwelashwa nokuhlala uzoyikhokha kanjani. Lokho akuzange kube yinkinga ngoba noma ukufa kwase kumphundlile kodwa yona imadlana yayisekhona kwazise nemfuyo yayimchuma umfo lo. Wahamba wayolala umfo kaMkhumane ezizwa enethemba lokuthi cha ufike lapho ezosinda khona.

1.1 Bhala igama lomfo kaMbeje okukhulunywa ngaye esiqeshini. (1)

1.2 Bhala isizathu esasishiwo nguSandanezwe esamenza weqa esibhedlela. (2)

1.3 Bhala igama lendawo lapho umfo kaMbeje ayelanda khona imithi yakhe. (1)

1.4 Yini ukuntongela ngokwalesi siqeshana? (1)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Amazwi athi 'Ngibakhombise amangwevu' acashunwe kulesi siqeshana aqonde ukuthi:

Ngibakhombise …

A amandla emithi yami.
B amandla emithi yabo.
C ubuthaka bemithi yami.
D amandla omthandazo. (1)

1.6 Sizathu sini esenza ukuba uSandanezwe abe nethemba lokuthi uNonkamfela uzomsiza ekuguleni kwakhe? (2)

1.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

1.7.1 Isikhathi (isizinda) (2)

1.7.2 Uvuthondaba (2)

1.8 Chaza ukuthi umlandi ubambe liphi iqhaza kule ndaba phakathi kokuba ngomunye wabalingiswa nokusilandisa emi eceleni. Sekela impendulo yakho. (2)

1.9 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uSandanezwe wayefuye kakhulu. (2)

1.10 Yisiphi isexwayiso ongasinikeza izinyanga mayelana nezifo esezikhona esikhathini samanje njengalesi esiphethe uSandanezwe? (2)

1.11 Kwaba namthelela muni ukuya kukaSandanezwe enyangeni? (2)

KANYE

ISIQESHANA B

UNonkamfela laphaya endlini yemithi umatasatasa uthaka imithi yakhe, ulokhu evungazela kungezwakali ukuthi uthini isigcino aze aphumisele ekhuluma yedwa okohlanya. 'Le ndaba kaMkhumane isithanda ukungixaka manje. Angisazi ukuthi ngizokwenzenjani ngoba ngithi ngivala ngapha ukufa kuputshuke ngapha. Impela angazi ukuthi kwenzenjani emakhosini awafuni ukukhanyisa indlela yami. Ngiyaqala ngqa ukushikiliswa yisifo ngalolu hlobo futhi sesiqala ukungilahlisa ithemba sengathi siyoye singichithe.' Wathi ukuthula kancane umfo kaMbeje.

Kuwo lowo mnyama kwezwakala umpongo lwezwi liqhuma phezulu; 'Yehheni … Yelekelelani we bantu baphela abantu, ingabe kwenzenjani kodwa kulo mshayeli? Angikaze ngikubone lokhu, udakiwe yini?' Lwampongoloza unggqwazi lomdondoshiyakazi onguMaNgiba, akekho ongezwanga kuleliya qele laseMacekane. Izandla wayesezithwele ekhanda amehlo esengaphandle. Wayeyibone kahle yonke le nto yenzeka ngoba omdala ubehla ephikelele khona ngasemgamanxweni ngesikhathi le ngozi yenzeka.

Ezansi lapho kuphihlizene khona leli bhasi nesitimela, akusebantu zimpethu zendlovu. Kukhala ubumayemaye, babodwa asebeyosika ilala, babodwa abagqihela ukufa nalabo-ke abasinde ngokulambisa okungathithi namanje abawakholwa amehlo abo. Iningi labo abakakwazi ukukhuluma ngendlela abethuke ngayo. Uma ufika kule ndawo ungafunga uthi akuphumanga ngisho noyedwa ngendlela ibhasi elinqamuke ngayo. Babodwa abanqamuke izisu, abanye uhlangana nengalo, umzimba ungawazi ukuthi ukuphi.

1.12 Yisiphi isigameko esikhulu esenzeke kulesi siqeshana? (2)

1.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenziwa nguNonkamfela emveni kokuba ezwe ukuthi sekwenzeke ingozi yesitimela. (2)

1.14 Bhala isizathu esenza ukuba uNokulindela aqanjwe ngaleli gama. (2)

1.15 Bhala izenzo zikaZabalaza EZIMBILI kule noveli ezimveza njengomuntu oyigwala. (2)

1.16 Ngokucabanga kwakho babanjani ubudlelwane phakathi kukaZabalaza noNomgedla emva kokubanjwa ukuthi yibona ababangela ukuthi uNokulindela agule? (2)

1.17 Kuyinto eyamukelekile yini ukuthi inyanga ibulale abantu ukuze isebenzise izicubu zabo ukwelapha abagulayo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.18 Ukuba wawunguSandanezwe wawuzokhetha ukwelashwa ngodokotela noma izinyanga? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Ngemuva komshado waphindela eGoli njengokujwayelekile. Ushada nje usevele usenezingane ezimbili, uFanyana noMjwayeli, okuhle ukuthi wahlawula. Ucela nje wenza yonke into umuntu ovele esethenjwa kulo muzi. Baqhubeka-ke ukuthola ezinye izingane, oMirriam, uBheki noMduduzi. UManyoba wafika efemini wenziwa induna, osekufanele angene kuqala kunabanye abasebenzi ukuze abone zonke izinto ukuthi zikulungele ukuba ziqale umsebenzi. Umuntu olungile muhle mubi ekubeni yinduna yabantu ngoba akulula ukumbona noma esediniwe. Le ndoda yona yayilungile kodwa inomthetho makufanele iwusebenzise. Okunye ukuthi kwakuyindoda eqotho ekumelayo okufanele, inqobo nje uma kusemthethweni. Uma ebambe umhlangano womsebenzi, ukhuluma lokho kuphela okufanele kukhulunywe. Uma umuntu ephambuka kokukhulunywa ngakho, umbuyisa kahle ngokukhulu ukuzithoba lokhu. Kodwa-ke uma uqhubeka udelela, wayesebenzisa ubuhlakani bakhe, uvele uzibonele nje ukuthi uma uqhubeka, unjengesilima. Umhlangano wakhe wawuthatha isikhathi esinqunyiwe kuphela, uma kubonakala ukuthi ufuna ukudlula, wawumiselwa esinye isikhathi, uvalwe. Inkinga eyayisematheni ngalesi sikhathi engena ebuduneni, ukuqashwa kwezingane eziphase ibanga leshumi zingabhaliswa, ziholelwe imali yetoho isikhathi eside, kube kudilizwe abantu abadala.

2.1 Yisiphi isikhundla esanikezwa uManyoba efemini lapho ayesebenza khona? (1)

2.2 Bhala amagama amadodana kaManyoba awathola engakashadi. (2)

2.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umushwana othi, 'Wahlawula' usho ukuthi:

A Wakhipha inkomo wayiyisa emzini.
B Wakhipha impahla wayinika umakoti.
C Wakhokha imali yokucela uMaNdlovu.
D Wathumela omalume bakhe emzini. (1)

2.4 Yikuphi uManyoba okwase kufanele akwenze emveni kokubekwa abe induna emsebenzini ngokwalesi siqeshana? (2)

2.5 Bazisola yini abantwana bakaManyoba ngesenzo sabo sokungabaphathi kahle abazali babo ekugcineni? Sekela impendulo yakho. (2)

2.6 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

2.6.1 Isikhathi (isizinda) (2)

2.6.2 Uvuthondaba (2)

2.7 Chaza ukuthi umlandi ubambe liphi iqhaza kule ndaba phakathi kokuba ngomunye wabalingiswa nokusilandisa emi eceleni. Sekela impendulo yakho. (2)

2.8 Tomula ibinzana lamagama afakazela ukuthi abantu abadala babephelelwa wumsebenzi kule femu. (2)

2.9 Yisiphi isexwayiso ongasinikeza izingane zamantombazane ezingaziphethe kahle njengoThembalihle? (2)

2.10 Kwaba namthelela muni ukuhlangana kukaManyoba noMfu Zakwe edolobheni laseMnambithi? (2)

KANYE

ISIQESHANA D

Ziningi-ke izinto emsebenzini kusetshenzwa. Ngelinye ilanga omunye umsebenzi wangena efemini ekuseni, wahlaba udobolwane maqede wasephuma wayoziphuzela utshwala ngoba phela utshwala abuvunyelwe efemini. Induna ibona engaqali emsebenzini, yacabanga ukuthi akafikanga ukuzosebenza yase iyokwenza isiqiniseko kunogada ukuthi akawuhlabanga yini udobolwane na. Uma efika esangweni, uthola ukuthi ufikile wabuye wahamba. Unogada wabonakala ethukile sengathi kukhona akwaziyo ngale ndaba kodwa akangaphumela obala. Yakubona lokhu induna yabe seyitshela unogada ukuthi amtshele uma le ndoda ifika. Okusemqoka nje ukuthi induna yabeka unogada icala ngokuyihlaba inhlali. Yonke indawo zikhona izimpimpi ngoba wathi esenze omunye umsebenzi yangena enye indoda izomtshela ukuthi usefikile lo msebenzi okade ephumile, usebuyile. Induna yathi ukulinda ukuthi unogada azomtshela ukuthi usebuyile njengoba etsheliwe. Ngemuva kwemizuzu embalwa, induna yasukuma yayobuza kunogada ukuthi akakabuyi yini loya msebenzi na, unogada wathi akambonanga. Umuntu odakiwe akafihlwa. Kungakapholi maseko wathi eqhamuka nje, wayencoma unogada ngendlela enze ngayo ngesikhathi emdedela, kwase kubonakala kahle ukuthi unogada uyena osecaleni kanye nalo msebenzi. Efemini-ke elikhulu icala ukudakwa futhi ubuye ungene nabo ngaphakathi.

2.11 Yimaphi amacala AMABILI enziwa ngumsebenzi wasefemini ngalolu suku? (2)

2.12 Fingqa ngomusho OWODWA amazwi ashiwo izinsizwa ezaxoshwa emsebenzi lapho zazisongela khona uManyoba. (2)

2.13 Bhala isizathu esenza ukuba uThembelihle aqanjwe ngaleli gama. (2)

2.14 Bhala izenzo zikaManyoba EZIMBILI kule noveli ezimveza njengendoda eqotho. (2)

2.15 Ngokucabanga kwakho babanjani ubudlelwane phakathi kukaManyoba namadodana akhe emva kokungabaniki ifa? Sekela impendulo yakho. (2)

2.16 Kuyinto eyamukelekile yini ukuthi indoda iganwe ngomunye unkosikazi ingamazisanga unkosikazi omdala? Sekela impendulo yakho. (2)

2.17 Ukuba wawunguMirriam, wawuyokwenzenjani uma ubona abazali bakho sebehleli ngokwehlukana? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

'Akukho muntu mama engithe akazothatha uLindiwe lapha.' Ayikho into eyalalwa uBheki ngalelo langa. Ekuseni wabona ukuthi kungcono avukele emaphoyiseni ayobika le ndaba. 'Uma bembulele uLindiwe kusobala ukuthi sengiyoshadela ejele noTholi.' Wacabanga kwaze kwaphela ikhanda efuna ukuthola ukuthi ngabe obani abathathe uLindiwe. Akazange athole muntu. Wake wacabanga ukuthi kokunye isu likaTholakele lokuxosha uLindiwe. Okwamxaka nje ukuthi wayazi ukuthi abakaze babonane noTholi. Bamnqoba kanye ubuthongo kwasa.

Ababonananga noTholakele ekuseni ngoba waphuthuma emaphoyiseni. Amaphoyisa amtshele ukuthi kuhle kuze unina obone laba bantu. Achaza futhi amaphoyisa ukuthi azolindela umbiko ngaleyo ntombazane ayishoyo. Asuke lapho aqonde esikoleni uBheki. Ayikho into ayifundisayo ngalelo langa. Umqondo wakhe wawugcwele izinkinga. Acabange ukucela ukusheshe ahambe kuthisha omkhulu ukuze ayobhekana nezinkinga zakhe. Aqonde ehhovisi likathishanhloko. Acele. Enqabe uthishanhloko ethi vele ufike emini esikoleni.

Uthe ephuma ehhovisi wazithela kuSifiso: 'Ngakubona ungakhululekile nje Bheki namuhla?'
'Cha, kukhona inkingana nje encane, kodwa sengathi izoqaqeka.'
'Kungcono uma kunjalo. Usekhona uLindiwe?'
'Ukhona kodwa usezohamba.'
'Usekhona?'
'Ukhona Sifiso. Uzwe ukuthi uhambile yini?'
'Ngisho ngoba kuphakathi nezinsuku, akasebenzi yini kanti?'

3.1 ULindiwe wayeseyephi ngalolu suku? (1)

3.2 Bhala amagama abangani ABABILI bakaTholakele. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: 'wazithela kuSifiso' sisho ukuhlangana …

A nomuntu okade wamgcina.
B nomuntu okade ungamlindele.
C nomzali wakho omthandayo.
D nomngani wakho weminyaka. (1)

3.4 Kwamphazamisa kanjani uBhekani emsebenzini ukuthathwa kukaLindiwe imoto ebomvu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.5 Wazisola yini uBhekani ekugcineni ngesenzo sakhe sokulahla uLindiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

3.6 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

3.6.1 Isikhathi (isizinda) (2)

3.6.2 Uvuthondaba (2)

3.7 Chaza ukuthi umlandi ubambe liphi iqhaza kule ndaba phakathi kokuba ngomunye wabalingiswa nokusilandisa emi eceleni. Sekela impendulo yakho. (2)

3.8 Tomula umusho kulesi siqeshana ositshela ukuthi uBhekani wayemthanda kakhulu uTholakele. (2)

3.9 Yisiphi isexwayiso ongasinikeza abantu besifazane abangaziphethe kahle njengoTholakele. (2)

3.10 Kwaba namthelela muni kuBhekani ukuthandana kwakhe noTholakele? (2)

KANYE

ISIQESHANA F

'Abakabuyi abakhongi mama?'
'Kade bebuyile.'
'Bathi bahambe kanjani?'
'Bahambile bona. Ngizwe bebabaza ubuhle bukamakoti nje kuphela. Bababaze nokuqina kwakhe nje futhi.'
'Bathini ngelobolo?'
'Uzokhokha mfana wami. Zisele zonke izinkulungwane eziyisithupha.'
'Kahle bo mama!'
'Impela. Ngakutshela ukuthi lo mfelokazi uzifunela imali kuwe.'
Athule uBheki; kubonakale ukuthi wethukile. Abone kungcono avele ayobona uTholi azizwele ngaye indaba yonke.

'Uthe uzofika lo omude, obegqoke isudi eluhlaza, azokuxoxela ngohambo lwabo.'
Ukhuluma nje unina, uBheki akasezwa lutho. Usesola sengathi ubanjwa inkunzi. Akhumbule ukuthi imali eyakhipha uZenze ejele ayikabuyiswa. Abone kungcono impela ukuba avele ahambe ayoxoxa le ndaba noTholi.
Akhumbule indaba kaSakhile owathi eselobole waqeda, ngesamba esesabekayo, wanyamalala umakoti. Ezwe eshaywa uvalo uBheki. Acabange nalo Pamella angamqondi kahle namanje. Abone ukuthi kulula ukuba uTholi azihambele noPamella bangaziwa.

'Angibonane noTholi siyikhulume le ndaba.' Ukhuluma yedwa njalo uBheki. Asukume masinya. Azilungise. Noma ezizwa ekhathele, axolele ukuhamba. Azitshele ukuthi uma le nto ingalungiswa manje akusoze kwalunga. Aphume ahambe. Acabange indaba kamalume wakhe. Axakeke nje ukuthi uthe uyofika emshadweni.

3.11 Bababazani abakhongi ngomakoti? Bhala OKUBILI. (2)

3.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhathi Bhatomu eficana noBhekani endlini kaTholakele. (2)

3.13 Bhala isizathu esabangela umbhali ukuthi aqambe uTholakele ngaleli gama. (2)

3.14 Yini ekhombisa ukuthi umama kaBhekani ungumuntu okholelwa emasikweni? Bhala OKUBILI. (2)

3.15 Ngokucabanga kwakho babanjani ubudlelwane phakathi kukaBhekani nomama wakhe ngemuva kokuboshwa kukaTholakele. Sekela impendulo yakho. (2)

3.16 Kuyinto eyamukelekile yini ukuthi umuntu wesifazane oshonelwe yindoda aqome engakayikhumuli inzilo? Sekela impendulo yakho. (2)

3.17 Ukuba wena wawunguLindiwe wawuyokwenzenjani uma ufika uthola ukuthi uBhekani usethandana nomunye umuntu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

MASHEZI: *(uyahleka, ushaya izandla sakubabaza)* He! He! He! Mina lo MaShezi, sengingumama oyinkosikazi yekhansela! Bonke abafazi bale ndawo sebengibingelela sengathi babona inkosikazi yenkosi. *(aphinde ashaye izandla)* Hhawu! Hamba mzabalazo!

DUMA: *(emamatheka)* We! Nina bafazi nijatshuliswa wubala ngempela. Nifana ncimishi nezingane.

MASHEZI: *(ebuka umyeni wakhe emehlweni)* Ha! Ha! Ubani ongayeka ukujabula esesimweni esifana nesami? Uthi wubala baba uqala ukuhola le mali osuyihola? Angithi ngikhuluma nje usuyakhulekelwa wena.

DUMA: *(ubuso bushintshe **buhwaqabale**)* MaShezi! Lokho-ke yikho okungihluphayo. Osibhincamakhasana bayasho ukuthi inkosi yendawo uShandu, akeneme futhi bathi ukubeka kucace ukuthi mina sengicabanga ukuthi sengiyinkosi. Eqinisweni angazi ukuthi inkosi ikhathazwa yini ngoba mina ngakhethwa ngabantu. Angiyona inkosi, kodwa yimi olawula intuthuko yalapha endaweni yakithi.

MASHEZI: **Amakhosi aphelelwe yisikhathi manje**. Phela intando yeningi iphoqa ukuthi abaholi mabakhethwe ngabantu. Inkosi yakhethwa nini-ke yona Suka lapha! Musa nje ukulokhu ucabangana nabantu abatatazeliswa ngukuchithwa yisikhathi.

DUMA: Kuzocaca maduze nje ngoba izinhlelo zentuthuko sezizoqala kungekudala. Kufanele ngihlele imihlangano yomphakathi kodwa mina ngeke ngilokhu ngiyotatazelela inkosi ngicelana nelungelo lokubiza imihlangano. Angithi yona ifuna ukubikelwa, incengwe ngisho noma umuntu ezokwenza idina lodwa leli.

4.1 Yini ejabulisa uMaShezi kulesi siqeshana osifundile? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.2 Ngubani isibongo senkosi ebusa kule ndawo? (1)

4.3 Ngokwalesi siqeshana kungani uDuma ezibona engcono kunenkosi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.4 Ngokusho kukaMaShezi yini le eyaphoqa ukuthi abaholi bakhethwe ngabantu? (1)

4.5 Tomula izibonelo EZIMIBILI zemiyalelo yokwenzeka enkundleni ('stage directions') okusichazela isimo nezenzo zabalingiswa kulesi siqeshana. (2)

4.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Amakhosi aphelelwe isikhathi manje. (2)

4.7 Chaza ukuthi inzondo namagqubu kwaba namthelela muni kulokhu kungaboni ngaso linye kwenkosi noDuma. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.8 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi usayitsheni asole uDuma ngodlame olwaluqhubeka endaweni. (2)

4.9 Kungani abantu bakule ndawo bebiza uMaShezi ngesikheliyane? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.10 UMaShezi ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Isiphetho salo mdlalo siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu/ ummeleli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

(*Angene uDlamini. Inkosi imkhombise isihlalo.)*

MANGEMA: Siyabonana bab' uDlamini.
DLAMINI: Yebo siyabonana Ndlovukazi.
MANGEMA: Ninjani kodwa Mzizi?
DLAMINI: Siyaphila Ndlovukazi, yizwe nje elidunguzelayo.
MANGEMA: *(ahambe aqonde emnyango)* Hhayi-ke, salani madoda nizozibhunga kahle! *(aphume)*
SHANDU: Ufika nje siyaxoxa noMaNgema. Njengoba uthi izwe liyadunguzela nje, ngempela ushaye khona ngoba intando yeningi iyalidunguzelisa.
DLAMINI: Lisho uliphinde Ndabezitha. Selokhu kwavotwa nje sekukhona abantu asebekhulekela lo mfokazana wakwaDuma. Naye impela usehamba aqholoshe kuhle kwekhonde elihola umhlambi wezimfene.
SHANDU: *(ehleka)* Wo! Wo! Dlamini, labo abamkhulekelayo yizimfene. Usho kahle uma uthi uqholosha kuhle kwekhonde.
DLAMINI: Ndabezitha, ungalingi uyivumele le nto. Phela inkosi yethu nguwe. Noma ngabe nguhulumeni ongumnikazi walo mthetho kodwa abantu laba ngabakho. Futhi-ke nje abantu abaningi bathi bazi wena Ndabezitha.
SHANDU: *(Aneke izandla)* Angithi uma sekuvotiwe kuthiwa abantu sebekhulumile.
DLAMINI: Nabantu bakho bazokhuluma. Futhi-ke bayakhuluma kumanje. Bathi bayoke babone ngoba ngeke bona balandelane nesilima esingathi shu. UDuma akayihole le mali yakhe kodwa angalingi acabange njengoba ecabanga.
SHANDU: *(ubuso bugcwale ukumangala)* Ucabangani uDuma we Dlamini?
DLAMINI: *(naye abonakale ehwaqabala ebusweni)* Abakhulumayo bathi uDuma uthi nguye okhethwe ngabantu futhi kuyokhala esakhe isicathulo kule ndawo.

4.12 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
4.12.1	Udlame	A	Ahola imali eningi
4.12.2	Amakhansela	B	UMbandlwa
4.12.3	Impohlo	C	Unogada wenkosi
4.12.4	UFohloza	D	Izwe liyadunguzela

(4 x 1) (4)

4.13 UDlamini ungumqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.14 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo?

Usho kahle uma uthi uqholosha kuhle kwekhonde. (2)

4.15 Ngokubona kwakho ukuziphatha/indlela enza ngayo izinto uMazongolo yamukelekile yini kuwena. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.16 Ukuba khona kukaMbandlwa enhlanganweni eyodwa benoDuma kwaba nomthelela omubi empilweni kaDuma. Sekela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Uyazwelana yini nomphakathi wakule ndawo kulesi simo sodlame owawubhekene naso? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

Ngakusasa uSonto ubize uMthofi ekuseni ecabanga ukuthi uMbhele uyovula ezitolo kanti ukwaDlamini noNtshangase bacashile bangabonwa muntu ukuze bakwazi ukubona ukuthi bangobani laba bantu abazenzela umathanda bafika noma nini emzini kaMbhele uma uMbhele engekho.

MBHELE: Sengathi silinde into engekho lapha Ntshangase.
NTSHANGASE: Bekezela ndoda, angithi umzwile uDlamini uthe bayafika nasemini.
MBHELE: Uma bengezi namuhla sizokwenze njani?
NTSHANGASE: Sizokwenza elinye ithuba size sibabone ukuthi bangobani. *(Kwaphazamisa uDlamini engena ephefumulela phezulu.)*
DLAMINI: Nabo-ke sebefikile abenzi bobubi, lunguzani ngefasitela ukuze nibabone kahle. Nami ngihlale ngibabuka ngalo leli fasitela uma benza le migilingwane yabo. *(Balunguza oMbhele noNtshangase ngefasitela njengokusho kukaDlamini.)*
MBHELE: ***(Ehlahla amehlo.)*** Hhayi bo! Ngiyaphupha yini?
NTSHANGASE: Yini, ubonani Mbhele? Wababaza kangaka nje?
MBHELE: *(Amehlo egcwala izinyembezi)* Angiyikholwa -ke le nto engiyibonayo.
NTSHANGASE: Hhayi bo, khuluma ndoda!
MBHELE: Lo muntu ongena emzini wami yilo muntu owabulala umkami engangishade naye ngingakashadi noSonto!
NTSHANGASE: Uqinisile?
MBHELE: Kangingabazi! Yilo muntu obizwa ngokuthi uMthofi. Wagwetshwa iminyaka eyi-15 ngokufa komkami. Ngizwe kuthiwa usanda kuphuma nje emva kokuba ephulelwe isigwebo ngenxa yokuziphatha kahle.
DLAMINI: *(Enikina ikhanda)* Ikhona kuziphatha kahle-ke lokhu?
MBHELE: Umkami uhlanganisani nabantu engingazwani nabo? Okusho ukuthi impela ufuna ungibulala!

5.1 Kungani uSonto ebize uMthofi kulesi siqephu? (1)

5.2 Ngubani isibongo sommeli kaMbhele? (1)

5.3 Ngokwalesi siqeshana yiliphi icala ayeboshelwe lona uMthofi? (2)

5.4 Yiziphi izinto EZIMBILI ezenzeka kuMbhele emva kokuba esebuke efasiteleni elalishiwo uDlamini? (2)

5.5 Tomula izibonelo EZIMIBILI zemiyalelo yokwenzeka enkundleni ('stage directions') okusichazela isimo nezenzo zabalingiswa kulesi siqeshana. (2)

5.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Ehlahla amehlo. (2)

5.7 Chaza okufanayo phakathi kukaToronto noMthofi ngokwezimilo zabo/ ngendlela abaziphatha ngayo. (2)

5.8 Nikeza isizathu esenza uNtshangase abuze uMbhele ukuthi uqinisile yini ukuthi uyamazi uMthofi. (2)

5.9 Kungani uDlamini ethi uMthofi nomngani wakhe benza imigilingwane emzini kaMbhele? (2)

5.10 UDlamini ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.11 Isiphetho salo mdlalo siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu/ ummeleli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA J

(Kusebusuku uSonto uyaqoqa izinto angahle ahambe nazo. Usenqume ukuthi avele avuke ekuseni ahambe angaziwa ukuthi uye kuphi.)

ZINHLE: *(Ekhathazekile)* Sizobuya nini kwagogo *mummy?*
SONTO: *(Etatazela)* Sisi, umama uzofike akushiye kwagogo bese yena eya kwenye indawo.
ZINHLE: Ikuphi leyo ndawo?
SONTO: Kude mntanami. Umama kukhona asafuna ukukulungisa.
ZINHLE: *What about* isikole?
SONTO: Uzofunda uhlala kwagogo sisi.
ZINHLE: Mina ngeke ngifunde emapulazini.
SONTO: Ayikho into ezokwenziwa mntanami.
ZINHLE: Sihambelani *mummy?*
SONTO: Sizodayisa lo muzi.
ZINHLE: *Why?*
SONTO: Mntanami, njengoba ubaba wakho engasekho akusemnandi lapha ekhaya.
ZINHLE: Izitolo zika-*dad* zizosala nobani?
SONTO: *(Ngokucikeka)* NoNtshangase, ummeli kababa wakho.
ZINHLE: *Why?* Angithi ukhona wena, *why can't you look after the businesses?*
SONTO: *(Ephefumulela phezulu.)* Umthetho uyenqaba mntanami.
ZINHLE: What about abangani bami *mummy?*
SONTO: Uzothola abanye sisi. *(Ebamba ukucasuka.)* Hamba manje uyovulela amanzi ebhavini yikhona sizogeza.
(Kukhale iselula kaSonto. Waqala wangabaza ukuyibamba uma ebona ukuthi kushaya uMthofi. Iqhubeke ikhale. Agcine eyibambile.)
SONTO: Hello.
MTHOFI: *(Ngolaka)* Kwenzenjani manje? Awusafoni ngani ngoba uthe uzongithinta uma ubuya kummeli wakho?
SONTO: Bengingeke ngilale ngingakuthintanga.
MTHOFI: Uhambe kanjani kummeli?
SONTO: Khululeka Mthofi, yonke into ihambe kahle.
MTHOFI: *(Ejabule)* Zamnandi lezo zindaba! Ngizofika lapho emzini wakho ebusuku.
SONTO: Hhayi Mthofi, ngeke kulunge.
MTHOFI: *Why?*
SONTO: Kuzothiwani nje? Ngiqeda kushonelwa yindoda, sekubonakala amanye amadoda lapha ekhaya?

5.12 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
5.12.1	Izigebengu	A	Indawo yasedolobheni.
5.12.2	UMaNsibande	B	Isisusa sodweshu kulo mdlalo.
5.12.3	Umona	C	Waboshelwa icala angalenzanga.
5.12.4	Isizinda	D	uMthofi noToronto.

(4 x 1) (4)

5.13 UMthofi ungumlamuli yini kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.14 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo?

Mntanami, njengoba ubaba wakho engasekho akusemnandi lapha ekhaya. (2)

5.15 Ngokubona kwakho ukuziphatha/indlela enza ngayo izinto umama kaSonto yamukelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.16 Ukuba khona kukaSonto ekomidini lebandla kwaba nomthelela omubi empilweni yomfundisi. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Uyazwelana yini nomphakathi wakule ndawo kulesi simo sobugebengu owawubhekene naso? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 6: ***ISIKO NELUNGELO – N Zulu***

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(Kusemini ekhaya kwaZungu. UThenjiwe ugeza izitsha phandle. Kufika uDumisani.)

DUMISANI: Sawubona makoti. Kade ngakugcina ngenxa yomsebenzi.
THENJIWE: *(Athi ukukhophoza)* Yebo baba omncane.
DUMISANI: Kodwa usahleli kahle lapha kithi?
THENJIWE: Ngihleli khona, kodwa nje usizi lusangiphethe.
DUMISANI: Zama ukukhohlwa mntanomuntu. Ngiyakuzwela kakhulu kabi, ikakhulu ngoba usemncane. Khohlwa impela makoti.
THENJIWE: Ngiyawabonga lawo mazwi akho. Okwenza ngingakhohlwa kalula ukuthi ngangimthanda kakhulu umfowenu. Okubi-ke ukuthi asibange sisahlala isikhathi eside njengokufisa kwethu.
DUMISANI: Angiqonde khona **ukukuthunuka amanxeba** makoti. Angifuni ukuba uhlupheke lapha ekhaya. Umama nobaba sengathi bangahlala bekucabangela njalo*. (Abuke izitsha)* Lo msebenzi owenzayo nje kufanele engabe wenziwa nguThabi uphi yena?
THENJIWE: *(Abuke uDumisani)*
DUMISANI: Wangibukisisa kukhona osafuna ukukusho?
THENJIWE: Cha ngicabanga indaba kamama nobaba.
Ngike ngazama ukubacela ukuba bangidedele ngibuyele ekhaya.
Benqabile bangitshela ezamadlozi namasiko.
DUMISANI: *(Athi ukuthula)* Yini edala ufune ukubuyela ekhaya?
THENJIWE: Ukuthi ukuhlala lapha ekhaya kungicabangisa umkhwenyana wami njalo. Ngenye indlela ngizama ukukhohlwa ngokushintsha indawo. Uma ngisekhaya ngibona sengathi ngingakhohlwa kalula.
DUMISANI: Sengathi usheshe wayeka ukuncenga makoti. Qhubeka uncenge impela. Beka nezizathu ezisemqoka impela. Uthi abacabangi ukuthi uzohamba unomphela?
THENJIWE: Angiboni ukuthi ngingahamba unomphela ngoba angisazimisele ngokubuye ngigane. Okwesibili ngeke ngilikhohlwe leli khaya. Noma ngingahamba kodwa ngiyohlala ngingowalapha ekhaya njalo.

6.1 Kungani uDumisani ethi kade agcina ukubona uThenjiwe kulesi siqephu? (1)

6.2 Ngubani isibongo sokuzalwa sikaThenjiwe? (1)

6.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uThenjiwe afune ukubuyela ekhaya kubo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.4 Yiziphi izinto EZIMBILI ezazenza uMaMbatha athande uThenjiwe? (2)

6.5 Tomula izibonelo EZIMIBILI zemiyalelo yokwenzeka enkundleni ('stage directions') okusichazela isimo nezenzo zabalingiswa kulesi siqeshana. (2)

6.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Angiqonde khona **ukukuthunuka amanxeba** makoti. (2)

6.7 Chaza okufanayo phakathi kukaZungu noNondumiso ngendlela abenza ngayo. (2)

6.8 Nikeza isizathu esenza uMondise axoshe uNondumiso ekhaya kubo. (2)

6.9 Kungani uDumisani ethi lo msebenzi owenziwa nguThenjiwe kumele ngabe wenziwa nguThabi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.10 USipho ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Isiphetho salo mdlalo siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu/ ummeleli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA L

(UGugu uxoxa noThenjiwe.)

GUGU: Kade sagcinana mngani wami.
THENJIWE: Bengithi nje usungilahlile.
GUGU: Ngingakulahla kanjani nje. Awazi sengizame kaningi kanjani ukukuvakashela sivele singatholani.
THENJIWE: Kufanele ngoba nami sengihambe ngiquba lapha nalaphaya.
GUGU: Kanti inkinga yakho ayixazululeki namanje?
THENJIWE: Lutho dade. Muva nje khona sengathi sengisebunzimeni impela. Awuyazi into eyenzeke izolo.
GUGU: Kahle mngani bo! Isiyenzekaphi futhi?
THENJIWE: Emgwaqweni ngiya esitolo.
GUGU: Siniyalwa yini?
THENJIWE: Bekuliwa impela. Yimi, uDumisani, uSipho.
Okubi-ke mngani ukuthi uDumisan ulimele.
GUGU: Hawu! Uimale kanjani?
THENJIWE: USipho umgwazile. Eqinisweni uSipho ubelamulela mina. UDumisani ubengishaya efuna ukukhuluma nami ngenkani.
GUGU: Uma ubuka kodwa ulimele kakhulu?
THENJIWE: Kulukhuni ukusho ngoba ubalekile emva kwalokho.
Ubaleka nje kodwa usebomvu yigazi.
GUGU: *(Anikine ikhanda)* Cha imbi le ndaba ongixoxela yona Thenji.
Uma ngibuka nje izokufaka ezingxakini ezilukhuni impela.
UMaMbatha uzovele athumele amaphoyisa uboshwe. Uma usuboshiwe bakuvumise ngenkani ukuthi ugane uDumisani.

THENJIWE:	*(Ethuka)* Kahle, Gugu. Uthi bangenza into enjalo?	25
GUGU:	Awazi MaMbatha wena. UDumisani lowo usumganela ukuba uphume ejele. Uma bethanda bazobopha uSipho.	
THENJIWE:	USipho akanacala. Angithi ubelamula.	
GUGU:	Akulanyulwa ngommese. Yonakele indaba yakho Thenji. Zilungisele ukugana uDumisani kuphela. Ayikho indlela yokuphuma kule ngxaki ngaphandle kokuba uvumele isiko mngani.	30
THENJIWE:	Ngeke bo. Angimfuni nhlobo uDumisani.	
GUGU:	Kodwa ngangishilo nje ungabi namawala. Bheka – ke manje uzobolela ejele.	

6.12 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		**IKHOLOMU B**	
6.12.1	Amaphoyisa	A	Indawo yasemakhaya.
6.12.2	UMaNzuza	B	Isisusa sodweshu kulo mdlalo.
6.12.3	Isiko lokungenwa	C	Weluleka uThenjiwe.
6.12.4	Isizinda	D	Abopha uSipho.

(4 x 1) (4)

6.13 UGugu ungumlamuli kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.14 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo?

Bheka-ke manje uzobolela ejele. (2)

6.15 Ngokubona kwakho ukuziphatha/indlela enza ngayo izinto uMaMkhize yamukelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.16 Ukuba khona kukaThabi emndenini wakwaZungu kwaba nomthelela omuhle empilweni kaDumisani. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Uyazwelana yini nabafelokazi bakule ndawo kulesi simo sokuphoqwa ngesiko lokungenwa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

UMBUZO 7

7.1 **'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

Wathi lapho ema nje esiteshini uRoy wethuka kuthi memfu umngane wakhe lowo onguRebecca. URebecca wema ngasefasiteleni lemoto elingakuRoy wambingelela ngesikhulu isizotha wagcina ngokucela ukuba uRoy amvumele angene ngaphakathi emotweni ukuze baxoxe.
Lwamshaya lwamqeda uvalo uRoy. Kwathi makashaye imoto ihambe kodwa wabuye wakhumbula ukuthi konje kuthiwa isipoki asishiyeki. Waqunga isibindi wamngenisa.
Wangena wahlala esihlalweni esingaphambili uRebecca kodwa engafuni ukuba amehlo abo abhekane.
'Ewu, ngiyabonga Mfowethu! Uyazi kade ngilokhu ngikulindele ngilokhu ngithi uyaqhamuka, uyaqhamuka lapha esiteshini. Eyi, kunjani kodwa?'
'Siyaphila Rebecca, unjani wena?' kubuza uRoy ezama ukuziqinisa.
'Eyi, kimina kunzima mfowethu Roy njengoba noMama ekukhombisile nje ithuna lami. Kodwa angithi ulitholile ibhantshi lakho?'
'Impela ngilitholile.'
'Ngesaba ukukutshela Roy ukuthi mina angisaphili lapha emhlabeni. Kodwa ngithe ngizokutshela namhlanje ngoba ngibone sengathi unaso isibindi. Abanye baye bashaywe uvalo bangibalekele. Engizokucela kuwe-ke ngukuba uphume lapha ekhumbini ungilandele ukuze le ndaba yethu ingezwiwa ngabanye abantu.'
'Pho, yini singahambi ngekhumbi siye kokuma buqamama nabantu?'
'Angeke kuze kulunge ngoba le ndawo esizokuya kuyo azihambi izimoto.'
Lwamshaya kakhulu uvalo uRoy wabona ukuthi namuhla limshonele, mhlawumbe intombi lena ifuna baye koshada nayo eZulwini.

7.1.1 Wayehamba ngaluhlobo luni lwemoto uRoy ngalolu suku? (1)

7.1.2 Bhala isizathu esenza uRoy ashaywe uvalo uma ebona uRebecca? (1)

7.1.3 Yini eyayenza uRebecca angakutholi ukuphumula ngokwale ndaba? (2)

7.1.4 Tomula igama elisesiqeshini elisitshela ukuthi uRebecca waqhamuka engalindelwe. (1)

7.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

UNkosikazi kaRoy ahlukanisa naye kwabe kungu:

A uMaKhulu
B uMaPhakathi
C uMaMkhwani
D uMaSikhosana (1)

7.1.6 Umbhali ukwazile yini ukugcina umgomo wenani labalingiswa elifanele kule ndaba emfushane? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.7 Ucabanga ukuthi uRoy wazithola zonke izinto ayezifisa empilweni yakhe njengoba ayeshilo ngasekuqaleni kwendaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Kwaba namthelela muni kuRebecca ukuhlangana kwakhe noRoy? (2)

7.1.9 Xoxa ngamaphuzu AMABILI ukuthi washona kanjani uRebecca. (2)

7.1.10 Umbhali wale ndaba emfushane uwulandele yini umgomo wokuqoqeka kwendawo? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.11 Ukuba wena wabe unguRoy wawungalithatha yini ibhantshi lakho ethuneni likaRebecca? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE

7.2 **'MHLA LIDUMA LADUMA' – MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ULaduma samlolozela isitimela. Kuyena kwaba sengathi akulona iphupho ukuboniswa isitimela sesigaleleka esiteshini esikhulu eThekwini. Wethuka wathuthumela lapho ebona bonke abantu ababesendlini, ngaphandle kukaMaDuma, bemphendukela. Ebuhlotsheni abase benabo noPhakathi, isitimela sasithe lapho sesizongena eThekwini, njengoba namanje sase siyongena, uPhakathi wambizela eceleni. Wayemlume indlebe ngokuthi, 'Ngiyakuncoma Ndodana ngobunyoningco obe nabo uhambo lonke nangeziningi izigigaba, unguphunyukabemphethe novelabahleke. Nokho, ngiyakudabukela ngokungazi ukuthi selidume lakuthatha. Le ndlu esikuyo oyibiza ngekhompathimenti, iyisona sitokisi osagcinwe kuso.

Amaphoyisa akuqaphile. Njengoba ningibiza ngonogada nje, agcwele khona lapha. Ngenxa yokuba yingcuphe komsebenzi awenzayo, nawo ewodwa awazani. Lawaya abengena ephuma indlela yonke awawazi alapha esitimeleni.' Wamkhombisa uqwembe olwalunegama lenkampani yonogada. Ngaphansi kwalo wahosha olunye wamkhombisa. 'Mina-ke ngibeluse bonke. Ngiqaphele ukuba bangakwemuki, nawe ungabadizeli ngamazibithi angamagugu owabiza ngothando lwakho. Uma bewuphethe kahle umsebenzi, singahle singaphinde sibonane. Ngaphandle-ke uma ngabe ukuphika okwenzekile, sesiyobonana sengiyisihambi esiwufakazi.' Wambamba ithambo.

Waqwebula amehlo, waphinde wathi yozi uLaduma. Wethuka futhi lapho lithi shazi iphupho, esesibona isitimela sigaleleka efomu eThekwini qede bemzungeza oNyandeni noMaNyambose, izandla zabo ziphangelana ngemikhwintsho eyayisebhakedeni, zibuya namatshe ezintaba zaseGoli naseKhimbili. Isitimela satheleka esiteshini eJongishani. Waphaphama wanikina ikhanda. Ezikhathini eziningi kanti ubephupha. 25

7.2.1 Bhala indlu akhuluma ngayo lapha uLaduma. (1)

7.2.2 Ngubani igama likanogada owayelele esitimeleni? (1)

7.2.3 Yini eyayenza laba ababesendlini noLaduma bamphendukele? (2)

7.2.4 Chaza ubunyoningco obenziwa nguLaduma akhuluma ngabo uPhakathi? (2)

7.2.5 Xoxa ngodweshu olutholakala phakathi kukanogada noNomvula ngesikhathi besesitimeleni. (2)

7.2.6 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndaba emfishane? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.7 Bhala ngengwijikhwebu etholakala esiphethweni sale ndaba emfushane ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Ngokwakho ukubona yaba njani impilo kaLaphazima njengoba ayesehlukene nabazali bakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.9 Uyavumelana yini nombono othi ubugebengu abubuyiseli? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU ubhekise kokwenzeka endabeni emfushane. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngiyafisa ukuba qotho – SB Mlambo

1 Ngiyafisa ukuba qotho
2 Ngishumayele ngobuqotho,
3 Ngibe qotho ezindleleni zami
4 Ulimi lwami lubeqotho,
5 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

6 Ngiyafisa ukuba qotho
7 Emisebenzini yami,
8 Nanxa ngikhandleka
9 Imisebenzi yami ibe qotho
10 Iziphambeko zami zisulwe.

11 Ngiyafisa ukuba qotho
12 Kubazali bami
13 Ngihloniphe omdala nomncane
14 Ukuze ngitshal'imbewu
15 Yobuqotho esizweni sakithi.

16 Ngiyafisa ukuba qotho
17 Eziphiweni zami enginazo
18 Ukuze ngisebenzise zonke
19 Ngokukhulu ukwethembeka
20 Ukuze ngijabulise abantu.

21 Ngiyafisa ukuba qotho
22 NakuSomandla uqobo!
23 Ngiziveze ngimsulwa kuye
24 Ngikhale kuye angizwe
25 Yen'owazi ngempokophelo yami.

8.1.1 Bhala imigqa EMIBILI evulekile esitanzeni sokuqala? (2)

8.1.2 Onjani umuntu onolimi oluqotho? Bhala OKUBILI. (2)

8.1.3 Fingqa umqondo osobala wesitanza sesi-2 ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.1.4 Tomula umugqa okhombisa ukuthi imbongi ifuna ukungabandlululi muntu ngeminyaka esitanzeni sesi-3. (2)

8.1.5 Caphuna umugqa onesisho osesitanzeni sesi-3. (2)

8.1.6 Ubuqotho bembongi bungaba namuphi umthelela kubantu? Bhekisa esitanzeni sesi-4. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.1.7 Imbongi ehaya le nkondlo ingumuntu wokuqala? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.1.8 Le nkondlo inomoya wokulangazelela. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

8.1.9 Ngokucabanga kwakho ukhona yini umuntu omsulwa? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Lobu bungani ngiyabuhlonipha – PB Dlamini

1 Lobu bungani ngiyabuhlonipha.
2 Ngiyabuhlonipha lobu bungani.
3 Bungani ngikubuke ngakugqolozela
4 Ngakugqolozela ngabona izimpawu,
5 Izimpawu ezenze ngakuhlonipha.
6 Ngikuhloniphe ngikubuka indlela owakhiwe ngayo

7 Isisekelo sakho siqine siyitshe
8 Size sibe yitshe nje kazi sakhiwe ngani
9 Ngisinge ngahlonga ngathola iqiniso
10 Sakhiwe ngothando neqiniso.

11 Uma kwehlela nihambe nibaningi nikhaphuzela
12 Kufikwe ethafeni bancipha ohamba nabo.
13 Kuqoshwe intaba sebeyidlanzana ohamba nabo.
14 Ufike esicongweni usuhamba nomngani weqiniso.
15 Bayazibuza abaningi ukuthi yini imfihlo yakho.
16 Imfihlo yakho uQiniso uThembeka uNoluthando
17 Uma laba beke bashingila
18 Kumuka konke kuphele konke.
19 Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani
20 Maye itshe ukuzibuyisa.

21 Kufike izivunguvungu neziphepho
22 Kwawohloka konke ziphephetha zibhenguza
23 Amakloba omlilo nawo azizwe amandla
24 Izikhukhula nazo azizibekanga phansi.
25 Babaleke bonke bashiya isithunzi
26 Wama wasala wazimelela waqinisela.
27 Lobu bungani buphonswe emlilweni basha
28 Babuke bathi iphelile indaba kanti lutho.
29 Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu kunakuqala
30 Buphume sebuqine buyinsimbi.

31 Kufike ubusika nongqoqwane
32 Kuzithemba okungonkunzimalanga
33 Kuneqiniso lokuthi kuzobuqeda lobu bungani.
34 Phinde wehlulekile siqhwaga ndini.
35 Ugadle kulobu bungani washaya umoya.
36 Kubonakele ukuthi buqinile lobu bungani.
37 Akulula ukububhidliza ngenxa yesisekelo sabo
38 Kufike wena kugula lutho, kwafika wena zinsizi lutho.
39 Kwafika wena manga lutho.
40 Wema mthakathi wezindaba
41 Wagoloza wazigqolozela izitha zakho.
42 Zasangana zingazi ukuthi zizokwenzenjani
43 Bungani ngiyakuhlonipha.

44 Awudle ngazimanga namsindo
45 Awupigogo awunontandakubukwa.
46 Uthobile uphansi udle ngezithelo
47 Zimnandi ziyadleka zehla esiphundu,
48 Ugadla ngeqiniso kuzwakale endodeni
49 Ubhubhise izizwe enhla nasezansi.
50 Zazibuza ukuthi kwakubungani buni lobu
51 Zikulandele zihogela lutho iphunga,
52 Iphunga alikho ayiphathwa impukane eluhlaza lutho.
53 Abanye babubuke lobu bungani babuhalela banomona
54 Badideka bagcina bekhuluma izinyoni zabo.

55 Uthele izithelo zasuthisa abalambile
56 Abaningi badle basutha ubafunza ngenkani
57 Ubafunze maqedane banonophala.
58 Banonophaliswa nguwe bungani bansondo
59 Usuthise nalabo ababethi awuphili
60 Bekucekela phansi ngenxa yomona.
61 Abaningi bebekuhalela kodwa wahambela nxanye
62 Kuhle kwelanga lasebusika
63 Lobu bungani ngingepheze ukubuhlonipha.

8.2.1 Yabonani imbongi ngesikhathi ibuka igqolozela ubungani esitanzeni soku-1? (1)

8.2.2 Bhala isibonelo ESISODWA sefanangwaqa elitholakala esitanzeni sesi-2. (2)

8.2.3 Bhala izithandani EZINTATHU ekhuluma ngazo imbongi esitanzeni sesi-3. (3)

8.2.4 Hlobo luni lokuxhumana olutholakala emigqeni elandelayo?

Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu kunakuqala
Buphume sebuqine buyinsimbi. (1)

8.2.5 Bhala imigqa enemvumelwano emaphakathi etholakala esitanzeni sesi-6 bese udwebela amalunga/imisindo evumelanayo. (2)

8.2.6 Tomula umusho onesizura esitanzeni sesi-5 kule nkondlo. (1)

8.2.7 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emgqeni olandelayo:

Maye itshe ukuzibuyisa. (2)

8.2.8 Phawula ngokusebenzisa kwembongi leli gama **iphunga** usho ukuthi yayiqondeni ngalo. (2)

8.2.9 Imbongi iphumelele yini ukusethulela ukuthi buyini ubungani beqiniso? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70